# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESIBILI (P2)

## JUNI 2014

**SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**
**(GRADE 12)**

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: amahora ama-2

Le liphepha linamakhasi ayi-20

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Bheka kokuqukethwe uphawule izinombolo zemibuzo ebhekiswe emsebenzini owufundile phakathi nonyaka.
3. Emibuzweni emfishane, uzoholwa imiklomelo enikeziwe ukuthi impendulo yakho kufanele ibe yinde kangakanani.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzeni.
5. Bhala ngesandla esibonakalayo.
6. Qala **ISIQEPHU NESIQEPHU** ekhasini **ELISHA.**
7. Kulindelake ukuba uphendule imibuzo EMIBILI kunoma yiziphi izincwadi ezimbili . Ungathathi imibuzo emibili esiqeshini esisodwa.
8. **QAPHELA**: Uma ukhetha ISIQEPHU C noma ISIQEPHU D phendula imibuzo emibili ngezindaba ezimbili ezimfishane noma izinkondlo ezimbili.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa okuyiphendula.

| | | | |
|---|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA.** | | | |
| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO | AMAMAKI | IKHASi |
| 1.Kusinda Kwehlela Endodeni | Umbuzo omfushane | 35 | 4-5 |
| 2.Umshado | Umbuzo omfushane | 35 | 6-8 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA** | | | |
| 3. Isiko Nelungelo | Umbuzo omfushane | 35 | 9-10 |
| 4. Ababulali Benyathi | Umbuzo omfushane | 35 | 11-12 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE**<br><br>**Phendula YOMIBILI IMIBUZO** | | | |
| 5. Imfihlo Kamakoti | Umbuzo omfushane | 35 | 13-14 |
| 6. Ingoduso | Umbuzo omfushane | 35 | 15-16 |
| **ISIQEPHU D: IZINkONDLO**<br><br>**Phendula YOMIBILI IMIBUZO** | | | |
| 7. Ngiyogiya | Umbuzo omfushane | 35 | 17-18 |
| 8. Inhlansi Yakho Thuli | Umbuzo omfushane | 35 | 19-20 |

## ISIQEPHU A: INOVELI

### UMBUZO 1: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI-SJ Mchunu

Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele

> Lo mfana enimbona lapha phambi kwenu, ziyamazi lezi zingane, ingane kaZakwe ezakhula nayo zingabafana, isiwuMfundisi eMnambithi. Sasingasayiboni thina sabonwa yiyona.Yasibingela. Savuma. Sathi sithi ibisibingelela nje ngoba ibingelela abantu abadala. Cha! Yaqhubeka yasibuza ukuthi siyangamaphi. Sathi: khimilili. Sake sabukana simangele ukuthi ngabe ubani lo mfana osibuza sengathi uyasazi. Ngemuva kwalokho kudideka, umfana wasitshela ukuthi yena ungubani wakwabani, kuphi nokuthi usengumfundisi waliphi isonto. Sajabula kakhulu ukubona ingane esaziyo endaweni lapho sasithi asizukwaziwa muntu. Lo mfana waphinda wasibuza ukuthi siphokophelephi na? Asikwazanga ukusenga ezimithiyo kulo mntwana. Samtshela inhloso yethu nokuthi siqhamukaphi. Lo mntwana ukholiwe ngeqiniso, wasithatha wasisa emzini wakhe ngoba kwase kuhlwile, salala khona."Ngaphambi komkhuleko wasebusuku, esasikade sawugcina sindawonye, waphinda wasibuza futhi ukuthi sihlose ukuhamba nje singaziwa lapho siya khona? Savuma. Waqala umthandazo, waqeda. Ekugcineni wase esiluleka saphenduka izingane ngoba wasitshela ngendawo esiyaziyo futhi esingayicabanganga nasekuqaleni. Ukuba sayicabanga, ngabe asizange sicele usizo ezinganeni zethu, ngabe savele saziyela khona kwasekuqaleni. Lo mntwana wathi kunokuba sidwanguze singaziwa lapho sikhona, yena ubona kungcono ukuba siye kwaSizabantu KwaMaphumulo ngoba khona akucwasa muntu, Kuthathwa noma yimuphi umuntu. "UMfundisi ikholwa elisiza wonke umuntu. Unika umuntu indawo nokudla bese ekunika okukhulu kunakho konke, ukudla komphefumulo. Kwantwela enzansi kithi.

1.1 Ubani lo okhulumayo kulesi siqeshana osifundile? (1)

1.2 Ukuphi lo mnumzane njengoba ekhuluma le nkulumo yakhe? (1)

1.3 Yiluphi usizo uMfundisi Zakwe alunikeza uMchunu nenkosikazi yakhe? Bhala OKUTHATHU. (3)

1.4 Iyiphi inhlanhla eyehlela uManyoba emva kwayo yonke inhlupheko/ ubunzima ayebhekene nayo? (2)

1.5 Ngabe uManyoba wazijezisa kanjani izingane? (2)

1.6 Wayehleli kanjani uManyoba emzini wendodana yakhe uMjwayezi? (2)

1.7 Ukufunda esikoleni sasebusuku kwayithuthukisa kanjani impilo kaManyoba? (3)

1.8 Khetha impendulo efanele kubakaki:

1.8.1 Ngesikhathi uManyoba esebenza ePitoli wayehlala (eSharpville, emjondolo, ehositela eMamelodi). (1)

1.8.2 Ngesikhathi esezothatha umhlalaphansi uManyoba wabuya wazosebenza ngasekhaya, wathola umsebenzi (esikoleni, edeli, ehhotela). (1)

1.8.3 UMaNdlovu wazalelwa (eMgungundlovu, eMdlovana, eMvoti). (1)

1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

1.9.1 Ukusenga ezimithiyo. (2)

1.9.2 Kwantwela enzansi. (2)

1.10 Izingane uma sezisebenza kufanele zisize ngokondla abazali bazo. Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sitatimende? Sekela impendulo yakho (2)

1.11 Ngamaphuzu AMATHATHU bhala ngengwijikhwebu etholakala kule noveli. (3)

1.12 Ngokucabanga kwakho ngabe kwakukuhle yini ukuthi amadodana kaManyoba amhlalise ngokwehlukana nenkosikazi yakhe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.13 Wena ukube wawunguManyoba wawuzobapha yini abantwana bakho imali uma usuwine ilotto. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (3)

1.14 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi ukweqa kukaManyoba epulazini kwamsiza. (2)

1.15 Yisiphi isifundo osithole ngokufunda le ndaba? (2)

**[35]**

## UMBUZO 2: UMSHADO- Nelisiwe Zulu

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

"Lunga sihambe Bheki. Angizile ukuzohlala lapha."Kuzwakale ukuthi uTholi usekhuluma ngolaka.

"Ngihambe Lindiwe?"

"Hamba," asho ngelosizi uLindiwe.

"Ngempela Lindiwe?"

Angaphenduli uLindiwe. Asukume angene ekamelweni.Avale umnyango. Abone uBheki ukuthi idlozi lakubo limlahlile "Uzongifica emotweni Bheki Usheshise." Bathi bengena nje ayisuse imoto uPamella. Ungena emotweni nje uBheki inhliziyo yakhe isele kuLindiwe. Athi uma ecabanga ngonina lumshaye uvalo. Imoto ihamba nje akakhulumi uBheki uthule du. Imicabango ephithiza ekhanda lakhe iyamangalisa. Kufike umqondo othi akafike phambili abacele oPamella bembuyise. Acabange ngoLindiwe, inhliziyo yakhe ayizwe iba buhlungu kabi. Kuthi akayimise imoto acele ukuphindela emuva. Esabe. Azikhulumi phela izintokazi lezi. Azitshele ukuthi kusobala ukuthi zidiniwe. Afise sengathi ingafa nokufa le moto. Kutholakale ukuthi iyaphila, ihamba ikhululeke. Abone kungcono khona ukuba afike azibeke phansi kuLindiwe ekuseni. Into angenasiqiniseko ngoyo ukuthi ingabe usayoxola yini uLindiwe. Afise sengathi kungakhona okuhle kakhulu angakwenzela uLindiwe. Imicabango yakhe ithikaziswe uTholakele oseqala ukukhuluma:"Kodwa wawumfunani lomuntu omdala kangaka kunawe Bheki?" Angaphenduli uBheki. Kubonakale ukuthi usaphethwe ubuhlungu benhliziyo.

2.1 Babemlande kuphi uBhekani oTholi? (1)

2.2 UBhekani wayehleli nobani ngenkathi ezolandwa oTholi. (1)

2.3 Ngubani owayeshayela imoto eyayihamba oTholi? (1)

2.4 Yini eyayenza uBhekani angakuthokozeli ukuhamba noTholi ngalolu suku? (2)

2.5 Yini eyayikhombisa ukuthi uSifiso uyamazi ngempela uTholi? (2)

2.6 Kungani uBhekani ayengabuthandi ubungani bukaTholakela noPamela? (2)

2.7 Baningi abantu ababexwayisa uBhekani ngoTholakele. Bhala amagama abantu ABABILI ababengahambisani nokuthandana kwabo. (2)

2.8 Umalume kaBheki uvezwe njengomlingiswa onjani? (1)

2.9 Bhala amaphuzu AMABILI ayenza ukuthi umama kaBhekani angamthandi uTholi. (2)

2.10 Chaza lezi ezimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe esiqeshini esingenhla:

2.10.1 Ukuthula du. (2)

2.10.2 Ukulahlwa idlozi. (2)

2.10.3 Kuphithiza imicabango ekhanda. (2)

2.11 Bhala amaphuzu AMABILI ngengwijikhwebu etholakala kule noveli. (2)

2.12 UTholakele walotsholwa ngendlela engajwayelekile.Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.13 Kuyiqiniso noma umbono ukuthi uBhekani wayemthanda ngempela uLindiwe? Sekela impendulo yakho. (2)

2.14 Ngokucabanga kwakho kwakufanele yini ukuthi amaphoyisa abophe uTholi engaphakathi esontweni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU.(3)

2.15 Yisiphi isifundo osithole ngokufunda le ndaba. (2)

2.16 Qondanisa UHLU A NOHLU B

| UHLU A | UHLU B |
|---|---|
| 2.16.1 UBhatomu | A Kwakuyintombi kaBhekani eyamtholela ingane. |
| 2.16.2 UZenze | B Wayefuna ukungena uTholakele. |
| 2.16.3 ULindiwe | C Wayezakhela izibhamu. |
| 2.16.4 UJazibomvu | D Wathatha imali yamalobolo |

4x1=4

**[35]**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

### UMBUZO 3: ISIKO NELUNGELO – N. ZULU

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho ephelele.

| | |
|---|---|
| Thabi: | Ujabule sisi ngoba uvakashelwe umngani wakho izolo. |
| Thenjiwe: | Akukho kujabula engibe nakho Thabi, Ingani abantu basuke bangikhumbuze Indaba endala. Kodwa-ke umngani wami uzamile izolo. |
| Thabi: | Kufanele ngibone uhleka kucishe kuvela olomhlathi impela. |
| Thenjiwe: | Vele uGugu unamahlaya. Angakuhlekisa ngisho ucashile. |
| Thabi: | Ngethemba ukuthi akashongo ukuthi hamba lapha ekhaya. Uma esho njalo, Ngitshele ngiqale ukumzonda manje nje. |
| Thenjiwe: | Cha akashongo ukuthi angihambe.*(ambukisise)* Into enhle naye kodwa Ungiphile iseluleko esincane. |
| Thabi: | Besithini leso seluleko sisi. Yena uGugu akayiboni le ndaba yami noDumisani. |
| Thenjiwe: | Uhlupha ngoba awuzwa wena. UDumisani usemncane kabi Thabi. Okwesibili nami angikwazi ukuwezela uthando lomunye umuntu komunye. |
| Thabi: | Ngiyayizwa lento oyishoyo sisi. Into nje engiphethe kabi ukuzwa ukuthi ungase usishiye lapha ekhaya. Lokho kungangiphatha kabi ngize ngiyofa. |
| Thenjiwe: | Noma ngihambile phela ngingabuye ngifike nje nginivakashele. |
| Thabi: | Kodwa umama yena uthini? |
| Thenjiwe: | Mayelana nani? |
| Thabi: | Ngayo phela le ndaba. |
| Thenjiwe: | Cha, abakasho lutho abadala |

3.1 Ngubani uGugu ngokwalesi siqephu osifundile. (1)

3.2 Bahlobene kanjani uThenjiwe noThabi? (1)

3.3 Yini eyayenza ukuthi uThabi aphatheke kabi? (2)

3.4 Wenzani uNondumiso ukukhombisa ukuthi uyazwelana nodadewabo uThenjiwe? (2)

3.5 Yini ukungenwa ngokwale ndaba? (2)

3.6 Yiziphi izizathu ezazenza ukuthi uThenjiwe angafuni ukungenwa uDumisani? (2)

3.7 Bhala ukuthi laba balingiswa abalandelayo bavezwe kanjani kulo mdlalo;

3.7.1 USipho (2)

3.7.2 UMaMbatha (2)

3.8 UThenjiwe uvezwe njengomlingiswa owalwelayo amalungelo akhe. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

3.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

3.9.1 Ukuhleka kucishe kuvele elomhlathi. (2)

3.9.2 Ukupha umuntu iseluleko. (2)

3.10 Bhala ngodweshu olwalukhona phakathi kukaThenjiwe noMaMbatha. (3)

3.11 Lo mdlalo uphathelene namasiko.Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (4)

3.12 Yiqiniso noma umbono ukuthi uMnumzane Zungu wayehlulwa nguMaMbatha uma kuthathwa izinqumo zokuphatha ikhaya? Sekela impendulo yakho. (2)

3.13 Ngokucabanga kwakho kufanele yini abantu besifazane bacindezelwe ngesiko. (3)

3.14 Yisiphi isifundo osithole ngokufunda le ndaba? (2)

**[35]**

## UMBUZO 4: ABABULALI BENYATHI – RM MNGADI

Funda lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ngemisho ephelele.

Shandu: (*Ithukuthele kodwa nokudumala kuyabonakala kuyo*). MaNgema, le nto iyadlondlobala. Nakhuke manje sekuboshwe nenduna yami.

MaNgema: (*Udumele*) Baba, uqinisile uma uthi lolu daba luyadlondlobala. Ngempela luyabhebhetheka. Konke lokhu kudalwa yinkani yaleli Khansela. Uyedelela ngempela lo muntu ndini. Uthi abantu mabenze njani uma ebiza imihlangano engakwazisile? Hawu! Waze wasilaya lo Hulumeni ngokungawaqeqeshi amakhansela akhe. Wake wezwaphi nje ukuthi umuntukazana uke abize isizwe senkosi ngaphandle kokwazisa inkosi ebusa kuleyo ndawo. Nayo intando yeningi angiboni ukuthi ingakuvuma lokho.

Shandu: Uthole into emfanele uMbandlwa ngoba nguye okufanele adodise ikhansela lakhe. Uyabona-ke mina sengizoliqinisa elami ikhanda. Bengimethemba lo mfana wakwaMbandlwa.

MaNgema: Baba ungamethemba kanjani umuntu oyimpohlo? Wake wezwaphi ukuthi abantu bangaholwa yimpohlo? Yazini impohlo? Okunye nje lokho okubhidliza isizwe. Thina maZulu asimbeki umuntu oyimpohlo esikhundleni.

Shandu: Angithi intando yeningi nje. (*Aneke izandla*) Kudingeka ngiye enkantolo ngoMsombuluko khona ngizobheyila uDlamini uma kudingeka.

MaNgema: Baba, umthintile nje ummeli uSidamba?

Shandu: MaNgema! Leyo yinto engiyenze kuqala ngesikhathi ngizwa eyokuboshwa kukaDlamini. Uyazi mina ngithandazela ukuthi kungasuki umbhedukazana endaweni yami. Phela sekungenzeka kubuye udlame njengoba lunjalo.

MaNgema: (*Aneke izandla sakulahla ithemba*) Baba! Uma kusenabantu abanjengoDuma noMbandlwa, luzobuya udlame.

Shandu (*Ahebeze ngesandla sokudla*) Hhayi bo, ungasho njalo! Phela udlame aluzange luklomelise muntu. Ngusathane kuphela owabutha izindondo.

MaNgema: Kukho konke okwenzekayo nokusazokwenzeka, wena baba kumele wazi nje ukuthi nguwe inkosi yale ndawo. Kubi okwenzekayo kodwa kuthathe njengomzabalazo wamakhosi. Mhlawumbe nalo Hulumeni uzocabanga ngokunye. Kunini nje bekhuluma, bebikezela ngomthetho wamandla amakhosi.

4.1 Ngubani oboshiwe lapha futhi uboshelweni? (2)

4.2 Usebenza msebenzi muni uSidamba? (1)

4.3 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo:

4.3.1 Ukudlondlobala kodaba. (2)

4.3.2 Ukuqeqesha amakhansela. (2)

4.3.3 Ukubheyila umuntu. (2)

4.4 Uqonde ukuthini uMaNgema uma ethi 'Thina maZulu asimbeki umuntu oyimpohlo esikhundleni'? (2)

4.5 Kunezinto ezazenziwa uMaShezi ezazikhombisa ukungamhloniphi umyeni wakhe. Bhala zibe ZIMBILI. (2)

4.6 NgokukaDlamini yiziphi izinto EZIMBILI ezibhekwayo uma kubekwa indoda esikhundleni. (2)

4.7 Kungani uShandu ethi udlame aluzange luklomelise muntu? (2)

4.8 Yini eyenza uMaNgema athi udlame luzobuya? (2)

4.9 Ingabe kuliqiniso noma umbono ukuthi nakuba uDuma waqala ephakeme wagcina ethotshisiwe. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI ubhekise kuDuma. (3)

4.10 Yini isisusa sodweshu kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

4.11 Luhlobo luni lomdlalo lolu? Sekela impendulo yakho. (3)

4.12 Bhala abantu ABABILI abangabaqhathi kulo mdlalo. Sekela impendulo yakho. (3)

4.13 Qondanisa UHLU A noHLU B. Bhala inombolo yombuzo nohlamvu.

| UHLU A | UHLU B |
|---|---|
| 4.13.1 umntukazana | a) Ukukhulumela into phambili. |
| 4.13.2 ukudodisa umuntu | b) Ukubuka emehlweni. |
| 4.13.3 ukubikezela | c) Umuntu ongelutho/ ongahloniphekile emphakathini. |
| 4.13.4 ukubheka ngqo | d) Ukubambana ngezandla. |
| 4.13.5 ukuxhawula | e) Ukubonisa umuntu. |
| | f) Umuntu oyisikhulu emphakathini. |

(5 x1) (5)

**[35]**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

Phendula yonke imibuzo kulesi siqephu.

*IZINYEMBEZI ZOTHANDO* - DBZ Ntuli (Umhleli)

## UMBUZO 5 : IMFIHLO KAMAKOTI – MT Mkhize

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

> Bahamba begwinciza imigwaqo yaseMlazi baye bafika esigcemeni sakwa-T lapho kuthiwa kuseSeventini khona. Endleleni bahamba nje abakhulumisani ngalutho ngaphandle kukaMaMkhwani owayelokhu ezwakala ethi, "Wo, kulukhuni emhlabeni madoda!"
>
> Wathi lapho esethe mayime imoto emva kokuba sebeyihambe bayiqeda imizi yaseSeventini, uMaMkhwani waphawula wathi, "Uyabona-ke Ndodana, mfana kaMnyandu, angifunanga ukukhuluma kakhulu ngenkathi sisekhaya ngoba ubuzothi mhlawumbe ngiyakukhohlisa. Le nkinga ohlangabezane nayo ayiqali ngawe, kodwa sebebaningi abantu befika ekhaya bakhulume into efanayo nalena yakho. Abanye baze bacabange ukuthi siyabakhohlisa uma sithi uRebecca akasekho lapha ekhaya." Asho ekhala. "Impela angazi ukuthi ingane yami yaze yaqalekiswa kangaka nje yona ngoba yayone ukwedlula bonke yini abantu emhlabeni ngokungcola!"
>
> "Yini? Kanti sekwenzenjani futhi manje Ma? Angithi wena uthe uyongikhombisa uRebecca lapho ekhona ngoba akekho ekhaya kuwena? Wangithela ngezinyembezi manje, kanti uphi ngempela uRebecca?" kubuza uRoy emangele.
>
> "Impela ngiyaxolisa Ndodana ngokukubangela umsindo, ukuthi le nto ingifikisela izinyembezi nokudumala uma kuzothi ingane yami ikade yazishonela, kube kukhona abantu abathi basabonana nayo ezimotweni nasemakhumbini ikakhulukazi."

5.1 Bhala isibongo sikaRebecca? (1)

5.2 Wayesebenza kuphi uRebecca? (1)

5.3 Babehamba ngani oRoy noMaMkhwani ngenkathi beya eSeventini? (1)

5.4 Yini eyatholwa uRoy ibekwe ethuneni likaRebecca? (1)

5.5 Yini eyayenza ukuthi uMaMkhwani aye noRoy eSeventini? (2)

5.6 URebecca wathi uRoy akenzeni ngemali? (1)

5.7 Yisiphi isigigaba esenza uRoy akwesabe ukuphinde ashade? (2)

5.8 Chaza ukuthi uRebecca washona kanjani? (3)

5.9 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:
5.1.9.1 Wangithela ngezinyembezi. (2)

5.10 Chaza ngomyalezo otholakala kule ndaba. (2)

5.11 Ukube wena wawunguRoy wawuyosivuma yini isicelo sikaRebecca. Sekela impendulo yakho. (2)

**[18]**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

> "Ngiyakuzwa lokho.Sesizofika ekhaya uke ungixoxele ukuthi ngempela ngenzani kuwe. Kodwa kumele singene ekhaya sesibuyisene Sipho. Ngicela sihlale laphaya phansi sixoxe kuqala, ungitshele ukuthi ubukuphi. Ngale kwalokho sesingaqhubeka siye endlini yami."
> "Sengifile ngukukhathala Nokwazi. Ukuhlala lapha ngeke kungilungele. Kumele ngihlale embhedeni endlini ngiphumule, ngibone nendodana yami!"
> "Ngeke kulunge. Usamele ukweqa leli sango owalishiya ulikhiyile, kumbe ukhiphe ukhiye ulivule."
> "Usho liphi isango?"
> "Amacala akho. Amacala akho Sipho. Ngisho amacala akho!" ephakamisa izwi.
> "Kulungile-ke . Asihlale phansi njengoba usho. Sizoqhubeka. Vele uselele , isilele indodana yami."
> "Hlala lapha-ke. Ngizohlala la, ungangithinti bandla Sipho, ngiyakucela. Ungangithinti."
> Ahlale abheke le. Kusobala ukuthi usengilahlile ngempela uNokwazi. Kodwa pho eminyakeni emibili nje vo!
> "Uphumaphi Sipho?" ebuza.
> "Nokwazi, ngicela uxolo, Sithandwa. Ngizozama ukulubeka udaba lonke, yize ngizolubeka ngezinqamulelayo nje ukuze sisheshe singene endlini. Ngase ngikhathele ukusebenza ngingayiboni imali. Ngase ngifuna ukushesha ngiqedele ilobolo, ebese sishada. Ngangifuna sithi singashada ebese siyohlala sobathathu edolobheni, mina nawe nendodana yethu, sibe ngumndeni onentokozo." Ngigwinye amathe.
> "Kwase kuba njani Sipho?" kubuza yena.
> "Ngahamba Nokwazi sengiyibonile imali laphaya emsebenzini ukuthi igcinwaphi.

6.1 Wayekade ekuphi uSipho njengoba ayenyamalele? (1)

6.2 Kwasekuphele iminyaka emingaki uSipho agcina ukufika kule ndawo? (1)

6.3 USipho wabiza uNokwazi ngesibhamu. Onjani umuntu obizwa ngesibhamu? (2)

6.4 Ngokwalesi siqephu, yiliphi leli sango uNokwazi athi uSipho kumele alivule noma aleqe? (2)

6.5 Caphuna umusho ositshela ukuthi uSipho wayefuna ukulobola uNokwazi Ngemali yokwebiwa. (1)

6.6 Khetha impendulo efanele kubakaki:

6.6.1 USipho wayengowakwa (Chonco, Ngwane, Godide). (1)

6.6.2 Indodana kaNokwazi kwakungu (Sipho, Phumlani, Sanele). (1)

6.7 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

6.7.1 Ukubeka lonke udaba? (2)

6.8 USipho wayengeke esakwazi ukushada noNokwazi. Sekela lesi sitatimende esingenhla. (2)

6.9 Chaza ukuthi kungani uSipho engakwazanga ukusheshe abone ukuthi uNolwazi lo owayehambisana naye? (2)

6.10 Kungani abakwaGodide kwabamangalisa ukubona uSipho elele kule ndawo owayelele kuyo? Bhala amaphuzu amathathu (2)

[17]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

Phendula yonke imibuzo kulesi siqephu.

UMBUZO 7

Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo ngemisho ephelele.

## Kuyosala Izibongo-T Qwabe

Wayengathethi manga okaNdaba
Ngesikhathi ethi ziyofa izinsizwa kusale izibongo.
Kula mathafa ezwe lethu kwake kwaphila izinsizwa,
Ezazigijima mzila munye nezinyoka ezibulalayo,
Zibhukuda mfula munye nezingwenya ezibulalayo,
Zibanga amaqele namabhubesi abulalayo,
Zidwanguza amahlathi nezingwe ezibulalayo.

Ekuhambeni kwami nginqamula izwe lakithi,
Ngibona inhlaba imile ngezinyawo ihlobile,
Namatshe elele ngezisu elanda ezasemandulo,
Notshani bukhwele ngezidindi kukhinindelana ezasendulo,
Kuyaye kube sengathi ngamehlo ami,
Ngibona amaqhawe akithi avunule ngamabheshu,
Ezandleni ebambe amahawu. amaqhabanga namaklwa,
Ezinyaweni embethe ukushesha okungathi okombani,
Esho ingoma yempi esenukelwa yigazi,
Edinwe evevezela okweminyovu ngokudlokodlwa ehlweni.

Ngibonwa ethi shalushalu,
Egane unwabu, ngimfung',uNonhlanhla kababa,
Elwa engakhokhi moya noma seyaphela impi,
Elwa ngemimoya ekhathazekile ngoba engagezwanga,
Futhi kungekho namunye owathi shwele.

7.1 Ngubani lo okaNdaba okukhulunywa ngaye kule nkondlo? (1)

7.2 Bhala OKUTHATHU okukhombisa ukuthi lezi zinsizwa imbongi enkuluma ngazo enkondlweni zazinesibindi. (3)

7.3 Tomula isenzukuthi esitholakala endimeni yokugcina. (1)

7.4 Ngokwale nkondlo yiziphi izikhali EZIMBILI ezaziphathwa amabutho uma eya empini. (2)

7.5 Khipha ukuxhumana okutholakala endimeni yokuqala. (1)

7.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo njengoba zisetshenzisiwe enkondlweni.

7.6.1 Ukunukelwa yigazi. (2)

7.6.2. Ukugana unwabu. (2)

7.7 Phawula ngomqondo wale nkondlo. (2)

7.8 Ngokubona kwakho yayikusiphi isimo imbongi ngesiKHATHI ibhala le nkondlo. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.9 Uthini umyalezo otholakala kule nkondlo? (2)

**[18]**

UMBUZO 8

Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo

**Inhlansi Yakho Thuli-SB Mlambo**

Ngisathwayiza ngizibona ngiyintandan`ezweni
Ngishiywe nguNontando dengwane
Amehlo anezithukuthuku zosizi,
Ngingaboni lutho wufasimba,
Kujuluke namehlo.

Ngakubona buqamama.
Ngakubona uyinhlasana.
Ngasondela,ngakubona ucwebezela.
Ngamangala,ngankema.
Ngakubona ungena kimi ngamehlo.
Ngezwa usuyifudumeza inhliziyo.
Yokhela,yalanguz`ilangabi.
Ngabuzwa ubulangulangu
Ngaziba,lakhula ilangabi.
Kokheleka nakweziny`izitho.

Ukunyamezela kwangiphika.
Ukubekezela kwanyamalala.
Wadlondlobala umlilo ngazidela.
Ngayihlomisa eyomlomo.
Ngayiphaka ezikhotheni zakwenu.

Ngakujuma ungazelele.
Ngakucoboshisa ngeyamazwi.
Ngagadla ngengedla wapaquza,
Ngabasela ngewisa ngakuguqisa,
Ngagwaza ngesijula.

| | |
|---|---|
| 26 | Nganqoba ngingeqhawe. |
| 27 | Ngazihasha ngingembongi. |
| 28 | Yahlokom' imvelo. |
| 29 | Kwabakuhle konke |
| 30 | Ngayithumb' eyakho inhliziyo. |
| 31 | Ngayokhelisa yokhela |
| 32 | Kwahlangan' ilangabi. |
| 33 | Mawungacishwa muntu. |
| 34 | Mawungacishwa mvula nomoya. |

8.1 Tomula imvumelwano siqalo etholakala endimeni yokuqala. (1)

8.2 Khipha ukuxhumana okutholakala endimeni yesibili. (1)

8.3 Caphuna umugqa ositshela ukuthi imbongi yabhala le nkondlo isanda kushiwa umuntu emthandayo. (2)

8.4 Bhala igama elisho okufanayo naleli elibhalwe ngokugqamile kulo mugqa olandelayo: **Wandlondlobala** umlilo ngazidela. (1)

8.5 Khipha impindamqondo etholakala endimeni yesithathu. (1)

8.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe enkondlweni.

8.6.1 Amehlo anezithukuthuku zosizi. (2)
8.6.2 Ukuhlomisa eyomlomo. (2)

8.7 Khetha impendulo efanele kubakaki

8.7.1 Ingane engenabo abazali kuthiwa ( ngunontado, intandane, usikhotheni). (1)

8.7.2 Ukuthwayiza kusho (ukuthwasa, ukushonelwa, ukuhamba) (1)

8. 8 Funda lo mungqa olandelayo bese usho ukuthi uwuhlobo luni lwesifenqo.

"Kujuluka amehlo" (1)

8.9 Phawula ngomqondo wenkondlo. (2)

8.10 Uthini umyalezo wale nkondlo? (2)
[17]

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**